# Amagundane Agangile

Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngesiSwati ngu Thembekile Felicia Malibe
Umfanekisi nguGerda Smit     Umhlobisi nguJennifer Jacobs
Yahumushwa isuselwa kweSiSwati nguBusi Maphumulo



Room to Read®

ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 1     6/22/23 16:06



ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 2 6/22/23 16:06



La magundane amabili ayehlala nabazali ngaphansi kwesitofu esidala, egcekeni elingemuva lakwa Mlambo. Igundane elinsundu kwakungu Yak. Leli elimnyama kwakungu Zak.

UYak noZak babengakuthandi ukudla okwakufika nabazali babo, bephuma nakho eqeleni.

Kunalokho babethanda ukunyonyoba baye endlini badle ukudla okwakuphekwa uMama uMlambo.







Ngelinye ilanga la magundane anyonyoba aya endlini afike acasha ekhabetheni.

ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 7 6/22/23 16:06

Ekhabetheni bafica ikhekhe elikhulu losuku lokuzalwa!

**“Eee, eee!”**
asho kanjalo ngesikhathi edla ikhekhe.





ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 9 6/22/23 16:06







UMama uMlambo
wawuzwa umsindo
wabe eseza
ekhabetheni ephethe
umshanelo omkhulu.

Wawajaha la
magundane
amabili abaleka.

Ngakusasa ekuseni, la magundane anontela angena ngefasitela ekameleni likaMama uMlambo.

**“Eee, eee!”** asho njalo amagundane ngesikhathi eququda isikhwama.

ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 12 6/22/23 16:06





ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 14 6/22/23 16:06

UMama uMlambo wezwa umsindo wabe eseza ekameleni ephethe umshanelo omkhulu.

Wawajaha amagundane abaleka.



ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 16 6/22/23 16:06



Ngosuku olulandelayo, uBaba uMlambo wayematasatasa endlini yamathuluzi.

**“Eee, eee!”** asho njalo, ngesikhathi elokhu enuka amathuluzi.



Wawabona wabe esewajaha.

UYak noZak babaleka kakhulu.
UZak kodwa wababambeka wawa.
Waphuma izinyo elilodwa langaphambili.

“EeeeEeeeeeeEeEeee!”

ekhala.



ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 21 6/22/23 16:06



ZA_ABP_18_0108_TheTwoNaughty_TS_Inside.indd 22 6/22/23 16:06

Wavuka wabaleka waya endlini kaMama wakhe.

UMama wakhe wabuka umlomo kaZak wabe esethi, “Iyona miphumela yokuganga lena. Ungakhathazeki kodwa izinyo lakho lisazophinda limile futhi.”

Njengenhlalayenza, ngakusasa uYak noZak baphindela khona endlini beyoganga!



*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Amagundane Agangile*
The Two Naughty Mice
Ihunyushwe nguBusi Maphumulo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0106
ISBN: 978-1-928441-90-8

Ishicilelwe okokuqala iAbantwana Publishing.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiSwati nguThembekile Felicia Malibe.
Umfanekisi nguGerda Smit
Umhlobisi nguJennifer Jacobs
Umhleli nguJocelyn Newmarch
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Abantwana Publishing
145 Corlett Drive, Bramley, Sandton, 2090
Salome Marima | 011 440 3141 | sales@abantwanapublishing.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.